



# human settlements

---

Department:  
Human Settlements  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

---

## IMANUWALI YE-PAIA

**Ilungiswe ngokweSahluko se-14 soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyeleleka Kolwazi  
wonyaka we-2000 (uMthetho wesi-2 wonyaka we-2000)**

**2024–2025**

## ITHEBULA LOKUQUKETHWE

|     |                                                                                                                                               |    |
|-----|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----|
| 1.  | INCAZELO YAMAGAMA.....                                                                                                                        | 4  |
| 2.  | UHLU LAMA-AKHRONIMI KANYE NEZIFINYEZO.....                                                                                                    | 6  |
| 3.  | ISINGENISO.....                                                                                                                               | 8  |
| 4.  | INHLOSO YEMANUWALI .....                                                                                                                      | 8  |
| 5.  | ISAKHIWO SOMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU .....                                                                                              | 9  |
| 6.  | UKUGUNYAZWA NGOKOMTHETHO.....                                                                                                                 | 9  |
| 5.  | ISAKHIWO SOMNYANGO .....                                                                                                                      | 14 |
| 5.  | IMISEBENZI YOMNYANGO KAZWELONKE WEZOKUHLALISWA KWABANTU .....                                                                                 | 15 |
| 6.  | IZINSIZAKALO EZITHOLWA AMALUNGU OMPHAKATHI EZIVELA EMNYANGO<br>WEZOKUHLALISWA KWABANTU .....                                                  | 15 |
| 7.  | IZINHLELO ZOMNYANGO .....                                                                                                                     | 23 |
| 8.  | IMINININGWANE YOKUXHUMANA.....                                                                                                                | 24 |
| 9.  | INCAZELO YAZO ZONKE IZIXAZULULO EZITHOLAKALAYO MAYELANA NOKWENZA<br>NOMA UKUNGENZI KOMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU.....                     | 25 |
| 10. | UMHLAMHLANDLELA WOKUTHI ISETSHENZISWA KANJANI I-PAIA NOKUTHI<br>KUTHOLWA KANJANI UKUFINYELELEKA KUMHLAHLANDLELA.....                          | 26 |
| 11. | INCAZELO YEZINHLOKO KANYE NEZIGABA NHLA ZAMAREKHODI AGCINWE<br>UMNYANGO KAZWELONKE WEZOKUHLALISWA KWABANTU OWAGCINE NGAZO .                   | 27 |
| 12. | IZIGABA ZAMAREKHODI OMNYANGO KAZWELONKE WEZOKUHLALISWA<br>KWABANTU ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUBA UMUNTU AFAKE ISICELO<br>SOKUFINYELELEKA ..... | 33 |
| 13. | INKAMBISO YOKUCELA UKUFINYELELEKA KOLWAZI .....                                                                                               | 37 |
| 17. | IZIZATHU ZOKUNQATSHWA KOKUFINYELELEKA KUMAREKHODI .....                                                                                       | 42 |
| 18. | INQUBO YOKUKHALAZA .....                                                                                                                      | 43 |
| 19. | UKUBANDANYEKA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO KANYE<br>NOKUTSHENZISWA KWAMANDLA NOMA NASEKWENZENI IMISEBENZI YOMNYANGO<br>.....         | 44 |
| 20. | UKUCUTSHUNGULWA KOLWAZI LOBUQU .....                                                                                                          | 45 |
| 21. | UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI .....                                                                                                                | 48 |
| 22. | UKUFAKWA KOLWAZI OLUSHA KWIMANUWALI .....                                                                                                     | 48 |
|     | ISIXHUMELO A.....                                                                                                                             | 49 |
|     | ISIXHUMELO B.....                                                                                                                             | 54 |
|     | ISIXHUMELO C.....                                                                                                                             | 57 |
|     | ISIXHUMELO D:.....                                                                                                                            | 59 |
|     | ISIXHUMELO E:.....                                                                                                                            | 61 |
|     | ISIXHUMELO F .....                                                                                                                            | 63 |
|     | ISIXHUMELO G.....                                                                                                                             | 66 |
|     | ISIXHUMELO H.....                                                                                                                             | 67 |

## ISENDLALO

Isahluko sama-32 soMthethosisekelo WaseNingizimu Afrika wonyaka we-1996 (umthethosisekelo) unikeza wonke umuntu ilungelo lokufinyeleleka kunoma iluphi ulwazi olugcinwe umbuso noma olugcinwe yinoma yimuphi omunye umuntu futhi oludingekayo ukuze kusetshenziswe noma kuvikelwe nanoma iliphi ilungelo.

UMthetho Wokukhuthazwa Kokufinyeleleka Kolwazi wonyaka we-2000 (uMthetho wesi-2 wonyaka we-2000) (i-PAIA), ekufezekiseni lamalungelo omthethosisekelo, ikakhulukazi:

- ubophezela zonke izinhlaka zikahulumeni ngomthwalo wokusiza umphakathi ukuthi ufinyeleleke olwazini/kumarekhodi agcinwe yizo.
- uhlinzeka ngohlaka nezinkambiso zomphakathi zokusebenzisa ilungelo lawo lomthethosisekelo lolwazi ngokushesha, okungabizi nokungekho nzima ngokukhonekayo.
- ubeka izindlela izinhlaka zikahulumeni okufanele zimiswe ngazo, ukwenza lula ukufinyeleleka kolwazi okufana nolwazi ngamalungu omphakathi; futhi
- uchaza kafushane izimo lokhu kufinyeleleka okuvinjelwe ezisebenza kuzo, kubandakanya lezo ezimayelana nolwazi oluqondene nomuntu ngqo, lwezohwebo, lwezezimali, lomsebenzi noma lwesayensi mayelana nengxenye yesithathu; ulwazi olungathinta izinkambiso zenkantolo noma zamaphoyisa, isib. amadokodo amaphoyisa ezinqutsheni zokudedelwa kusathethwa amacala kanye nezinhlaka ezithile zolwazi loPhiko Lwezentela LaseNingizimu Afrika.

Ngokungathandabuzeki kunemikhawulo ekuphumeleliseni amalungelo omphakathi njengoba kushiwo kusahluko sama-36 soMthethosisekelo kanye nesahluko sama-33 ukuya kwesama-45 se-PAIA ngokulandelayo.

In compliance with the statutory requirements of the PAIA and to contribute to the promotion of departmental transparency, accountability and effective governance, the Department of Human Settlements has produced a manual as a mechanism to facilitate public access to information/record(s) in its custody.

Ngokomthetho waseNingizimu Afrika, ilungelo lobumfihlo livikelwe ngokomthetho ovamile kanye nesahluko se-14 soMthethosisekelo. Ekufezekiseni leli lungelo, uMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lobuqu wonyaka we-2013 (uMthetho wesi-4 wonyaka we-2013) (i-POPIA) wenziwa umthetho ngonyaka we-2013. UMthetho uhlinzekela ukuvikelwa kokucutshungulwa kolwazi lobuqu yizinhlangano zikahulumeni nezizimele ekusetshenzisweni kabi, ekulahlekeni, ekufinyelelekeni okungagunyaziwe, ekuguqulweni noma ekudalulweni okungagunyaziwe.

Kwethenjwa ukuthi le manuwali izosebenza njengesizinda/ithuluzi eliyimpumelelo lokuhlinzeka umphakathi ngolwazi olufanele ukuze ukwazi ukusebenzisa ilungelo lawo lokufinyeleleka kolwazi olungaphansi kwesandla soMnyango kanye nokuvikelwa kolwazi lobuqu olucutshulwa nguMnyango.



---

A MOEMI

UMQONDISI-JIKELELE  
UMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU  
USUKU LOKWAMUKELWA: **16/07/2024**

## 1. INCAZELO YAMAGAMA

|    | ITemu                       | Incazelo/ukuchazwa                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                    |
|----|-----------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| 1. | Imali yokufinyeleleka       | Imali ekhokhwa ekhokhwa ngumfakisicelo yokucingwa, ukulungisa nokukhiqiza amarekhodi aceliwe, njengoba kubekiwe kusahluko sama-22(6) se-PAIA.                                                                                                                                                                                                                                                         |
| 2. | uMthetho                    | UMthetho Wokukhuthaza Ukufinyeleleka Kolwazi wonyaka we-2000 (uMthetho wesi-2 wonyaka we-2000) Ophindwe ubizwe nge"PAIA" noma "uMthetho".                                                                                                                                                                                                                                                             |
| 3. | UMnyango                    | UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu Ophindwe ubizwe nge-DHS.                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                             |
| 4. | USEkela Mgcinilwazi (i-DIO) | Umuntu okhethwe ngokomsebenzi nguMqondisi-Jikelele ukuba enze umgwamanda womphakathi ufinyeleleke ngokukhonekayo abaceli bamarekhodi awo njengoba kubekiwe kusahluko se-17(1) se-PAIA.                                                                                                                                                                                                                |
| 5. | Umhlahlandlela              | Umbhalo noma ibhuku elikhiqizwe yiKhomishane YaseNingizimu Afrika Yamalungelo EsiNtu ukwenzela izinhloso zokusiza nanoma imuphi umuntu onefiso sokusebenzisa nanoma iluphi ilungelo ngokwe-PAIA njengoba kubekiwe kusahluko se-10.                                                                                                                                                                    |
| 6. | UMgcinilwazi (IO)           | UMqondisi-Jikelele woMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu njengoba echaziwe kusahluko soku-1 se-PAIA.                                                                                                                                                                                                                                                                                                      |
| 7. | Ukukhalaza Kwangaphakathi   | Ukukhalazela isinqumo sokunqatshelwa ukufinyeleleka kolwazi, njengoba kubekiwe kusahluko sama-74 se-PAIA.                                                                                                                                                                                                                                                                                             |
| 8. | Ulwazi ngomuntu ngqo        | Ulwazi mayelana nomuntu ngamunye ophawulekayo, kumbandakanya kodwa kungapheleli olwazini olunayelana nebala, ubulili, ukukhulelwa, isimo somshado, ubuzwe, uhlanga noma ukuvela ngokwenhlalo, ibala, ukubukeka ngokobulili, ubudala, ngokwempilo yomzimba nengqondo, inhlalakahle, ukuba nokukhubazeka, inkolo, isazela, inkolelo, amasiko, ulimi kanye nokuzalwa njengoba kuchazwe kusaHluko soku-1. |
| 9. | Umuntu ozicelela            | Umuntu ofuna ukufinyeleleka olwazini/kwirekhodi eliphethe ulwazi ngaye uqobo njengoba echaziwe kusahluko soku-1 se-                                                                                                                                                                                                                                                                                   |

|  |      |      |
|--|------|------|
|  | yena | PAIA |
|--|------|------|

|     | ITemu                                    | Incazelo/ukuchazwa                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                 |
|-----|------------------------------------------|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
|     |                                          | Isahluko soku-1                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                    |
| 10. | Umgwamanda womphakathi                   | Nanoma imuphi umnyango wombuso noma ukulawulwa emkhakheni kazwelonke noma wesifundazwe kahulumeni, nanoma imuphi umasipala emkhakheni wasekhaya kahulumeni noma isikhungo esenza umsebenzi womphakathi ngokwanoma iliphi iqoqomthetho njengoba kuchaziwe ku-PAIA esahlukweni soku-1<br>1. Ophinde ubizwa njengomgwamanda kahulumeni noma umnyango. |
| 11. | Irekhodi                                 | Nanoma yiluphi ulwazi olurekhodiwe, nganoma yiluphi uhlobo noma ulimi olugcinwe yi-DHS njengoba kuchazwe esahlukweni soku-1 se-PAIA.                                                                                                                                                                                                               |
| 12. | Amarekhodi atholakala ngokuzenzakalelayo | Amarekhodi angafinyileleka ngaphandle kokuba umuntu acele ukufinyelela ngokoMthetho njengoba kushiwo kusahluko se-15(1)(a) se-PAIA.                                                                                                                                                                                                                |
| 13. | Amarekhodi atholakala ngesicelo          | Amarekhodi angafinyeleleka ngokulandela izinqubo ze-PAIA njengoba kushiwo kwisahluko se-11 nese-18 ze-PAIA; ukufinyelela kulawa marekhodi kunganqatshwa ngokwesahluko sama-33 ukuya kwesama-45 zoMthetho.                                                                                                                                          |
| 14. | Isiphathimandla Esifanele                | UNgqongqoshe woMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu noma umuntu oqokiwe ngokubhalwe phansi nguNgqongqoshe ukuthi abhekane nezikhalazo zangaphakathi njengoba kuchaziwe esahlukweni soku-1 se-PAIA.                                                                                                                                                      |
| 15. | Imali Yesicelo                           | Imali engabuyeli engabuyeli emuva ekhokhwa ngumfakisicelo ngenkathi efaka isicelo sokufinyeleleka njengokwemibandela yesahluko sama-22(1) se-PAIA<br>22(1). (Umfakisicelo ozifakale yena udedelwe ekukhokheni imali yesicelo).                                                                                                                     |
| 16. | Isicelo sokufinyeleleka                  | Isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi noma kumarekhodi agcinwe nguMnyango esenziwe ngokuhambelana nesahluko sesi-8 nese-11 ze-PAIA                                                                                                                                                                                                                    |
| 17. | Umfakisicelo                             | Nanoma yimuphi umuntu owenza isicelo sokufinyeleleka kolwazi noma kwamarekhodi e-DHS noma umuntu omele umuntu ocela ulwazi njengoba kuchazwe esahlukweni soku-1 se-PAIA.                                                                                                                                                                           |

|            |                      |                                                                                                                                                                                                                                                                                          |
|------------|----------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| <b>18.</b> | Ingxenye yesithathu  | Noma yimuphi umuntu, kumbandakanya kodwa kungapheleli, kuhulumeni wanoma imuphi umbuso wakwamanye amazwe, izihlangano zamazwe ngamazwe noma uhlaka lukahulumeni noma inhlango ngaphandle komfakisicelo othintekayo kanye nenhlango yomphakathi njengoba kuchazwe ku-PAIA kuSahluko so-1. |
| <b>19.</b> | Izinsuku zokusebenza | Nganoma uluphi usuku ngaphandle koMgqibelo, iSonto noma amaholidi omphakathi njengoba echazwe ku-PAIA kusahluko so-1.                                                                                                                                                                    |

## 2. UHLU LAMA-AKHRONIMI KANYE NEZIFINYEZO

| Ino mbolo | Ama-akhronimi nezifinyezo | Incazelo                                                               |
|-----------|---------------------------|------------------------------------------------------------------------|
| 1.        | I-BNG                     | Ukucaba Indlela Entsha                                                 |
| 2..       | I-BASA                    | Abamabhizinisi Nobuciko BaseNingizimu Afrika                           |
| 3.        | I-CBO                     | Inhlangano Esekkelwe Emphakathini                                      |
| 4.        | I-CCTV                    | Umabonakude Wokuqapha Indawo Evalekeile                                |
| 5.        | U-CEO                     | Isikhulu Esikhulu Esiphethe                                            |
| 6.        | I-CGE                     | Ikhomishana Yokulingana Ngokobulili                                    |
| 7.        | I-CSOS                    | Usizo Lomlamuli Ohlelweni Lomphakathi                                  |
| 7.        | I-DHS                     | UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu (“uMnyango”)                          |
| 8.        | U-DIO                     | USekela-Mgcinilwazi (okhwethwe ngokuhambisana nesahluko se-17 se-PAIA) |
| 9.        | I-EPHP                    | Inqubo Ethuthukisiwe Yokuhlaliswa Kwabantu.                            |
| 10        | I-FFC                     | Ikhomishani Yezezimali Nokuphathwa Kwezimali                           |
| 11.       | I-FHF                     | Ukuxhaswa Ngezimali Zezindl Kokuqala                                   |
| 12.       | I-HDA                     | I-Ejensi Yokuthuthukiswa Kwezezindlu                                   |
| 13.       | I-HS                      | Ukuhlaliswa Kwabantu                                                   |
| 14.       | I-HSS                     | UHlelo Loxhaso lwezindlu                                               |
| 15.       | U-IO                      | UMgcinilwazi (uMqondisi-Jikelele woMnyango)                            |
| 16.       | U-IR                      | Umlawuli Wolwazi                                                       |
| 17.       | I-IT                      | Ubuchwepeheshe BolwaziInformation Technology                           |
| 18.       | I-IGR                     | Ubudlelwano phakathi kohulumeni                                        |
| 19.       | I-NGO                     | Inhlangano Enguzimele Geqe                                             |
| 20.       | I-MTEF                    | Uhlaka Lwezindleko Zesikhathi Esimphakathi                             |
| 21.       | I-NHBRC                   | UMkhandlu Kazwelonke Wokubhaliswa Kwabakhi Bezindlu                    |
| 22.       | I-NHFC                    | INhlangano Kazwelonke Yezimali Zezindlu                                |
| 23.       | I-PAIA                    | UMthetho Wokuqhutshekiselwa Phambili Ukufinyeleleka Kolwazi            |
| 24.       | I-PDHS                    | IMinyango Yezifundazwe Yokuhlaliswa Kwabantu                           |
| 25.       | I-POPIA                   | UMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lobuqu wonyaka we-2013                    |

|     |        |                                                 |
|-----|--------|-------------------------------------------------|
| 26. | I-PPRA | IsiPhathimandla Sokulawula Abasebenzi Bezakhiwo |
| 27. | I-SHRA | Isiphathimandla Sokulawula Kwezindlu Enhlalweni |
| 28. | I-SLA  | Zamazinga Zokwenziwa Kwemisebenzi               |

### **3. ISINGENISO**

Le manuwali yakhiwe njengesidingo somthetho sokuthotshelwa kwemibandela yesahluko se-14 se-PAIA, esigunyaza zonke izinhloko zikahulumeni ukuthi zakhe futhi zishicilele imanuwali ekhombisa ulwazi/amarekhodi asezandleni zazo atholakala kalula emphakathini, kanye nalawo atholakala ngokucelwa ngokusebenzisa imibandela yoMthetho. Le manuwali imele uMnyango Kazwelonke Wezokuhlaliswa Kwabantu (i-DHS) futhi ayifaki phakathi ulwazi/amarekhodi eminyango yezifundazwe ezahlukeni.

### **4. INHLOSO YEMANUWALI**

This PAIA Manual is intended for the public to—

- wazi uhlobo lwamarekhodi okungenzeka ukuthi aseyatholakala e-DHS ngaphandle kwesidingo sokufaka isicelo esisemthethweni se-PAIA;
- uqonda ukuthi usenza kanjani isicelo sokufinyeleleka kwirekhodi le-DHS.
- ukwazi ukufinyeleleka kuyo yonke imininingwane yokuxhumana efanele yabantu abazosiza umphakathi ngamarekhodi abahlose ukufinyeleleka kuwo;
- wazi zonke izixazululo ezitholakala eMnyangweni Kazwelonke Wokuhlaliswa Kwabantu mayelana nesicelo sokufinyeleleka kumarekhodi, ngaphambi kokuya kuMlawuli noma eZinkantolo.
- wazi incazelo yezinsizakalo ezitholakala kumalungu omphakathi ezivela e-DHS kanye nendlela yokuthola lezo zinsizakalo.
- unikeza incazelo yomhlahlandlela ngokuthi isetshenziswa kanjani i-PAIA nguMlawuli nokuthi kungakuthola kanjani ukufinyeleleka kuwo.
- wazi ukuthi i-DHS uhlele ukudlulisa noma ukucubungula ulwazi lobuqu ngaphandle kweRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika kanye nabamukeli noma izigaba zabamukeli bolwazi lobuqu olunganikezwa bona; futhi
- wazi ukuthi i-DHS inazo yini izinyathelo zokuphepha ezifanele zokuqinisekisa ubumfihlo, ubuqotho kanye nokutholakala kolwazi lobuqu olufanele lucutshungulwe.

## **5. ISAKHIWO SOMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU**

I-DHS igunyazwe ngokwesahluko sama-26 soMthethosisekelo kanye nesahluko sesi-3 soMthetho Wezezindlu wonyaka we-1997 (uMthetho we-107 wonyaka we-1997), ukwakha nokugqugquzela inqubo kazwelonke yokuthuthukiswa kwezindlu esimeme ngokubambisana nezifundazwe kanye nomasipala.

I-DHS inomsebenzi obalulekile emzamweni kahulumeni wokuguqula izimpilo zabantu baseNingizimu Afrika zibe ngcono. Lokhu kubandakanya ukuguqula isimo sendawo sesikhathi sobandlululo kanye namaphethini omhlaba nentuthuko yokungabandakanywa kwezenhlalo nezobuhlanga. Esikhathini esidlule sokuphatha, siyesahlala siithembekile emsebenzini wethu ngokuqhubeka nokwakha kanye nokwengeza umsebenzi owenziwayo vele ekuhlalisweni kwabantu okusimeme kanye nokwenza ngcono izinga lempilo layo yonke imindeni.

Ekufezeni umsebenzi wawo, ukugxila koMnyango esikhathini esimaphakathi kuzoba sekwakheni izindawo zokuhlala ezididiyelwe neziguquliwe, ekuthuthukiseni imijondolo kanye nasekuhlinzeka ngezindlu ezisezingeni elingabizi.

UMnyango wasungulwa ukuze uqhubekisele phambili ukulandelwa kwalezi zindawo okugxilwe kuzo kanye nokuqinisekisa ukuthi izinhlelo zawo zokuhlaliswa kwabantu ziyasimama; ngakho-ke, i-DHS izofuna ukusheshisa ukubuyekezwa kwenqubomgomo yawo kanye nokubuyekezwa kohlelo loMthetho Odingidwayo Wezezindlu wonyaka we-1994, ikhodi kazwelonke yezindlu kanye noMthetho Wezezindlu wonyaka we-1997.

## **6. UKUGUNYAZWA NGOKOMTHETHO**

UMthetho Wezezindlu wonyaka we-1997 uhlinzeka ngezindima nemisebenzi yezinhlelo ezintathu zikahulumeni. Uhulumeni kazwelonke, esebenzisa uNgqongqoshe, unquma inqubomgomo kazwelonke, kubandakanya nemigomo nezindinganiso maqondana nokuthuthukiswa kwezindlu. Uhulumeni kazwelonke ufanele (phakathi kweminye imisebenzi) abeke izinhloso ezibanzi zokwethula ukwakhiwa kwezindlu kuzwelonke, futhi lapho kufanele, nezinhloso zokwakhiwa kwezindlu zohulumeni basekhaya.

ISaziso Esijwayelekile Sesimemezelo se-1570 sonyaka we-2009, esasayinwa nguMongameli weRiphabhulikhi YaseNingizimu Afrika (i-RSA), sakha i-DHS njengozongena esikhundleni soMnyango Wezezindlu. Lesi saziso, kanye Nohlelo Olubanzi

Lokudala Ukuhlaliswa Kwabantu Okusimeme, olwamukelwa yiKhabhinethi ngonyaka we-2004, sahlizekela ukushintsha kokugunyazwa,

okungukuthi, kusuka ekuhlinzekeni ngezindlu ukuya ekuhlinzekeni ngezindawo zokuhlaliswa kwabantu ezisimeme nezididiyelwe. Isiqephu sesishiyagalombili soHlelo Lukazwelonke Lwentuthuko (i-NDP) yonyaka we-2011 siphinde salawula ukuhlaliswa ezindlini ukuba kusebenzele ukuguqula ukuhlaliswa kwabantu ukuze kuqedwe isimo sobandlululo kanye nokwakhiwa kwezindawo zokuhlala lapho abantu bengasebenza khona, bathandaze, badlale futhi bakwazi ukufinyelela ezinsizeni zenhlalo nezomnotho.

**Ithebula elingezansi lihlinzeka ngohlu lwezinqubomgomo, iqoqomthetho kanye namasu akha ukuthuthukiswa kwezinguquko zokuhlaliswa kwabantu:**

| <b>Igama Lenqubomgomo noma Leqoqomthetho</b>                                                   | <b>Inhloso</b>                                                                                                                                                               |
|------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| UMthetho Odingidwayo Wezezindlu wonyaka we-1994                                                | Ukuhlinzeka ngenqubomgomo enkulu eyakha indawo evumayo yokuthulwa kwezindlu                                                                                                  |
| UMthetho Wokubuyiselwa Amalungelo Omhlaba wonyaka we-1994                                      | Ukuhlinzekela ukubuyiselwa kwamalungelo omhlaba kubantu noma emiphakathini eyaphucwa amalungelo ayo omhlaba kanye nokusungula iKhomishana Yokubuyiselwa Kwamalungelo Omhlaba |
| UMthetho Wezezindlu wonyaka we-1997                                                            | Ukuhlonipha ilungelo elingokomthethosisekelo lezindlu kanye nokuchaza indima nezibopho zikahulumeni kazwelonke, wesifundazwe nowasekhaya maqondana nezezindlu                |
| UMthetho Wezindlu Zokuqashiswa wonyaka we-1999                                                 | Ukulawula ubudlelwano obuphakathi kwabanikazi bomhlaba nabaqashi kanye nokuhlinzekela ukuxazululwa kwezingxabano                                                             |
| UMthetho Wokudalula Imalimboleko Yezindlu Nezakhiwo we-2000 (uMthetho wama-63 wonyaka we-2000) | Ukukhuthaza izingubo ezingenzeleli zokubolekisa, okudinga ukudalula kolwazi yizikhungo zezezimali mayelana nezimalimboleko zezindlu;                                         |
| IKhodi Kazwelonke Yezindlu, 2009                                                               | Ukuhlinzeka ngemithetho evumela ukwethulwa kwezindlu                                                                                                                         |
| Comprehensive Plan for the Creation of Sustainable Human Settlements, 2004                     | To outline plan the development sustainable human settlements over five years                                                                                                |
| Inqubomgomo Yezindlu Zomphakathi yonyaka we-2005                                               | Ukukhuthaza indawo evumela ukuthi izindlu zomphakathi zichume                                                                                                                |

|                                                                                                                                        |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                     |
|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| UMthetho Wezezindlu Zomphakathi wonyaka we-2008 (uMthetho we-16 wonyaka we-2008) kanye neZimiso Zezezindlu Zomphakathi zonyaka we-2011 | <p>Ukuhlinzekela ukusungulwa kwesiPhathimandla Esilawulayo Sezenhlalakahle, ukuze kulawulwe zonke iziKhungo Zezindlu Zomphakathi (ama-SHI)</p> <p>Izimiso zisetshenziselwa ukugunyazwa kwama-SHI, imibandela yokufaneleka ecacile, ukuqapha nokuthotshelwa kwemithetho, kanye nemibandela yokutshalwa kwezimali ezosetshenziswa</p> |
|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|

| <b>Igama Lenqubomgomo noma Legqomthetho</b>                                                                                                                               | <b>Inhloso</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                            |
|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
|                                                                                                                                                                           | applicable in the social housing sector                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                   |
| <p>UMthetho We-ejensi Yokuthuthukiswa Kwezindlu wonyaka we-2008 (uMthetho wama-23 wonyaka we-2003)</p> <p>Izimiso Ze-ejensi Yokuthuthukiswa Kwezindlu zonyaka we-2014</p> | <p>Ukuhlinzekela ukusungulwa kwe-ejensi ezokwenza lula umhlaba kanye nempahla esemhlabebeni.</p> <p>Lezi zilawula izinqubo zokumenyezelwa kwendawo ebaluleke kakhulu yokuthuthukiswa kwezindlu (i-PHDA); izinyathelo zokwakha uhlelo lokuthuthukiswa kwezindlu olungunqa phambili; ukucatshangelwa kwezezimali; ukuqaliswa kwephrothokholi; kanye nokuqaliswa kokuthuthukiswa kwezindlu kanye nokusebenzisana phakathi kweMinyango Yombuso eyahlukene</p> |
| I-NDP yonyaka we-2012                                                                                                                                                     | Lolu hlelo luhlose ukuhlinzeka ngombono wesikhathi eside futhi luchaze indawo efiswayo futhi luhlonze indima yemikhakha eyahlukene ekuqedeni ubumpofu kanye nokunciphisa ukungalingani ngonyaka we-2030                                                                                                                                                                                                                                                   |
| UMthetho Wokuhlelela Izindawo kanye Nokuphathwa Kokusetshenziswa Komhlaba wonyaka we-2013 (uMthetho we-16 wonyaka we-2013)                                                | Uhlinzeka ngohlaka lokuhlelwa kwendawo kanye nokuphathwa kokusetshenziswa komhlaba ngaphakathi e-RSA                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                      |
| UMthetho Wokuqashisa ochitshiyelwe wonyaka we-1914 (uMthetho wama-35 wonyaka we-2014)                                                                                     | Uchibiyela uMthetho Wokuqashisa wonyaka we-1999; uhlinzeka ngemigomo namazinga ahlobene nezindlu eziqashisayo, wethula izinguquko ezihlukahlukene ezithinta ukuhlobana okuphakathi komqashisi nomnikazi womhlaba, udinga ukuthi bonke omasipala babe nehhovisi                                                                                                                                                                                            |

|                                                                              |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                          |
|------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
|                                                                              | lokuqashisa, wandisa amandla eNkantolo Yokuqasha; njll.                                                                                                                                                                                                                                                                                  |
| Inqubomgomo Yentsha yonyaka we-2015–2020                                     | Ihlinzeka ngohlaka lokuqinisa amandla ezikhungo ezibalulekile zokuthuthukisa intsha, ukuqiniswa nokuhlanganiswa kokuthuthukiswa kwentsha kuhulumeni omkhulu, njll.                                                                                                                                                                       |
| UMthetho Odingidwayo Wamalungelo Abantu Abaphila Nokukhubaza wonyaka we-2016 | Uhlinzeka ngohlaka lokwejwayezwa komgudu wokufeza amalungelo abantu abaphila nokukhubazeka ngokuthuthukiswa kokungenelela okuqondisiwe, okususa izihibe kanye nokusetshenziswa komklamo jikelele obandakanya izibopho zesiVumelwano Senhlangano Yezizwe Ngamalungelo Abantu Abaphila Nokukhubazeka kanye neminye imidanti ehlobene nabo. |
| Ukuthuthukiswa Okubandakanyayo Kwezindawo Zamadolobha                        | Kuhlinze ngohlaka oluvum ukuguqulwa kwendawo                                                                                                                                                                                                                                                                                             |


| <b>Igama Lenqubomgomo noma Leqoqomthetho</b> | <b>Inhloso</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                 |
|----------------------------------------------|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| Uhlaka lonyaka we-2016                       | ngokuqondisa ukukhula kwamadolobha kuye kumodeli yokukhula okusimeme kwamadolobha namadolobhakazi ahlange, axhumene futhi adidiyelwe                                                                                                                                                                                           |
| Izinhloso Zokuthuthuka Okusimeme             | Zihlinzeka ngohlaka lwesimemo jikelele sokuthatha isinyathelo sokuqeda ubumpofu, ukuvikela uhlelo kanye nokuqinisekisa ukuthi bonke abantu bajabulele ukuthula nokuchuma ngonyaka we-2030. Ngekhwelo elithi “Ungashiya Umuntu Ngemuva”, amazwe azibophezele ekusheshiseni inqubekela phambili yalabo abasemuva kakhulu kuqala. |

|                                                                                   |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                             |
|-----------------------------------------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| Uhlaka lwe-Sendai                                                                 | Luhlinzeka ngomhlahlandlela wokwenza imiphakathi iphephe futhi ikwazi ukumelana nezinhlekelele. Luhlinzeka amazwe angamalungu ngezinyathelo ezibambekayo zokuthi zingavikelwa kanjani izinzuzo zentuthuko engozini yezinhlekelele. Lukhuthaza ukuncishiswa okukhulu kwezinhlekelele kanye nokulahleka kwezimpilo, ukuziphilisa nempilo, kanye nempahla yezomnotho, impahla engokwenyama, yenhlalakahle, eyamasiko nemvelo yabantu, yamabhizinisi, imiphakathi kanye namazwe |
| I-Agenda yonyaka we-2063                                                          | Uhlaka lwamasu oluhlinzeka ngohlaka kanye nohlelo olukjulu lokuguqula izwekazi lase-Afrika libe yisizinda esinamandla emhlabeni wonke esifeza umgomo walo wentuthuko ebandakanya wonke umuntu nesimeme.                                                                                                                                                                                                                                                                     |
| I-Ajenda Enstha Yamadolobha yonyaka we-2016                                       | Ihlinzeka ngombono owabelwanayo wekusasa elingcono nelisimeme – lapho bonke abantu benamalungelo alinganayo kanye nokufinyeleleka kwimihlomulo namathuba anikezwa amadolobha, futhi lapho umphakathi wamazwe ngamazwe ucubungula kabusha izinhlelo zasemadolobheni kanye nesimo sendawo yezindawo zasemadolobheni ukuze kuzuzwe lokhu.                                                                                                                                      |
| UMthetho Wabasebenzi Bezakhiwo wonyaka we-2019 (uMthetho wama-22 wonyaka we-2019) | Uhlinzekela ukulawulwa kwabasebenzi bezakhiwo, ulawula ukuqhubeka kweBhodi Lezindaba Zezakhiwo (i-EAAB) ngendlela entsha yesiPhathimandla Esilawula Abasebenzi Bezakhiwo, futhi uhlinzekela ukuguqulwa komkhakha wabasebenzi bezakhiwo ngokusebenzisa, phakathi kokunye, ukusungulwa kwesikhwama soguquko kanye nesikhungo socwaningo mayelana noguquko                                                                                                                     |
| Ukuhlela Okuphendula Kwezobulili,                                                 | Ukusiza iNingizimu Afrika ukuthi ifeze umthethosisekelo wayo                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                |

| <b>Igama Lenqubomgomo noma Legoqomthetho</b>                                        | <b>Inhloso</b>                                                                                                                                                  |
|-------------------------------------------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| Uhlaka Lokwenza Isabelozimali, Lokuqapha, Lokuhlola Nolocwaningomabhuku (i-GRPBMEA) | Inhlosombono yayo yoMthethosisekelo yomphakathi ongacwasi ngokobulili kanye nokulingana kobulili, kanye nokuqinisekisa ukwabiwa kwezinsiza ezanele ngokuhlomisa |

|                                                                                                                    |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                         |
|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
|                                                                                                                    | abesimame kanye nokulingana ngokobulili.                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                |
| UMthetho Wezinyathelo Zokuvikela Abathengi Kwezezindlu wonyaka we-1998 (uMthetho wama-95 wonyaka we-1998)          | Uvikela abathengi bezindlu, ukuqhubeka noMkhandlu Kazwelonke Wokubhaliswa Kwabakhi Bezindlu njengoMkhandlu Kazwelonke Olawula Ukwakhiwa Kwezindlu, ukubhaliswa kwabakhi bezindlu, kanye ukubhaliswa kwezindlu okufakwe ngaphansi komshwalense wezindlu.                                                                                                                                                                                                                                                 |
| UMthetho Ochitshiyelwe Wezinyathelo Zokuvikela Abathengi Bezindlu wonyaka we-2007 (uMthetho we-17 wonyaka we-2007) | Ukuhlinzekela ukubhalisa okwephuzile kanye nokubhaliswa okwephuzile okungamenyezelwanga, ukuze abakhi abangabanikazi bakwazi ukufaka izicelo zokudedelwa, ukwelula izicelo ukuze zifake ukuvuza kophahla, ukwenza okunye ukuhlinzekela ukusetshenziswa kwezimali ezikhwameni ezihlongozwe kulo Mthetho, ukwelula amacala adalwe ngaphansi kwalo Mthetho oshiwo, ukuchibiyela imibandela ephathelene nokuvunywa kokudedelwa kanye nokufakwa kwezikhalazo kanye nokuhlinzekela imidanti ezihlobene nakho. |
| UMthetho Wokuphathwa Kohlelo Lamatayitela Ezingxenye wonyaka we-2011 (uMthetho we-8 wonyaka we-2011)               | Leli qoqomthetho lihlinzekela: ukuhlukaniswa kwezakhiwo zibe yizigaba kanye nempahla evamile; ukutholwa kobunikazi obuhlukene ezigabeni ezihambisana nobunikazi obuhlanganelwe endaweni eyodwa, ukusungulwa kwezinhlangano zemigwamanda ukuze kulawulwe impahla ejwayelekile futhi ngaleyo ndlela kusetshenziswe imithetho, ukusungulwa kwebhodi elilawula amatayitela ezigaba, njll.                                                                                                                   |
| UMthetho Wezinsizo Zomlamuli Ohlelweni Lomphakathi wonyaka we-2011 (uMthetho wesi-9 wonyaka we-2011)               | Leli qoqomthetho lihlinzekela ukusungulwa kweZinzikalo Zomlamuli Wezinhlelo Zomphakathi (i-CSOS), lichaza igunya nemisebenzi ye-CSOS futhi lihlinzeka ngendlela yokuxazulula izingxabano ezinhlelweni zomphakathi; njll.                                                                                                                                                                                                                                                                                |

## 5. ISAKHIWO SOMNYANGO



## **5. IMISEBENZI YOMNYANGO KAZWELONKE WEZOKUHLALISWA KWABANTU**

I-DHS–

- inquma inqubomgomo kazwelonke, kubandakanya nemigomo nezindinganiso maqondana nokuthuthukiswa kwezindlu.
- UZWELONKE ubeka izinhloso ezibanzi zokwethula ukwakhiwa kwezindlu kuzwelonke, futhi wenza lula ukulungiswa kwesifundazwe, futhi lapho kufanele, nezinhloso zokwakhiwa kwezindlu zohulumeni basekhaya.
- monitors the performance of national government and in co-operation with every MEC, the performance of provincial and local governments against housing delivery goals and budgetary goals.
- unquma inqubomgomo yokuthengwa kwempahla ehambisana nesahluko sama-217 soMthethosisekelo maqondana nokuthuthukiswa kwezindlu.
- usiza izifundazwe ukuthuthukisa amandla okuphatha adingekayo ukuze asebenzise amandla akhe ngempumelelo kanye nokwenza imisebenzi yakhe maqondana nokuthuthukiswa kwezindlu.
- weseka futhi aqinise amandla omasipala okuphatha izindaba zabo, ukusebenzisa amandla abo kanye nokwenza imisebenzi yabo maqondana nokuthuthukiswa kwezindlu.
- ukhuthaza ukubonisana ngemidanti ephathelene nokuthuthukiswa kwezindlu phakathi kukahulumeni kazwelonke nabamele izinhlangano zomphakathi, imikhakha nemikhakhana ehlinzeka noma exhasa ngezimali izimpahla nezinsizakalo zezindlu, uhulumeni wesifundazwe nowasekhaya, kanye nabanye ababambiqhaza ekuthuthukisweni kwezindlu.

## **6. IZINSIZAKALO EZITHOLWA AMALUNGU OMPHAKATHI EZIVELA EMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU**

Ukwengeza endimeni edlalwa yizifundazwe nomasipala maaqondana nokuhlaliswa kwabantu, izikhungo ezilandelayo zikazwelonke zasungulwa ukuze zibhekane nezidingo ezihlobene nokuhlaliswa kwabantu zomkhakha:

UMnyango ikakhulukazi:

- isungula futhi igcine inqubomgomo kanye nohlaka lomthetho oludingekayo ukuze kuqhutshekwe nenhloso yokuhlaliswa kwabantu okusimeme nokudidiyelwe ngokuhambisana nenhloso kahulumeni kanye nokugunyazwa komnyango, futhi

- isiza ukwaba isabelo sonyaka ezifundazweni nakomasipala ukuze kuhlaliswe abantu, kuthuthukiswe izingqalasizinda futhi nokutholakala komhlaba.

Izifundazwe kanye nomasipala bamadolobha amakhulu bagunyazwe ukuthi bahlele ukwakhiwa kwezindlu ezindaweni zabo, kusetshenziswa izibonelelo ezitholwa nguMnyango. Lokhu kwenza kube yibo ababambiqhaza abaseqhulwini njengoba uMnyango uthembele kubona ukuthi wethule amathuba ezindlu. UMnyango uhlinzeka ngokusekelwa okudingekayo ngokuthuthukiswa kwemithetho nezinhlelo zenqubomgomo, ukugunyazwa kwezinhlelo zomsebenzi, ukuqashelwa kanye nokuhlolwa kwezinsizakalo ezitholwayo.

Izinhlangano zokuhlaliswa kwabantu zisiza uMnyango mayelana nokufeza ukugunyazwa kwawo. Nazo ziseqhulwini futhi zilindele ukuthi uMnyango uhlinzeke ngoxhasozimali lokuqaliswa kwamaprojekthi okuhlaliswa kwabantu kanye nomkhombandlela wamasu. Mayelana nezinto ezizuziwe, uMnyango, ngokubambisana nezinhlangano, uqalise amaprojekthi okuhlaliswa kwabantu abandakanya i-Finance-Linked Individual Subsidy Programme (i-FLISP), i-People's Housing Process (PHP), uHlelo Lokuthuthukiswa Kwemijondolo, isiKhwama Semalimboleko Yezindlu Zasemaphandleni, amaprojekthi amakhulu kanye uxhaso lwabantu ngabanye.

| <b>yeZinhlangano</b>                                     | <b>Izinsizo:</b>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                   | <b>Amaklayenti</b>                                        | <b>Thola ukufinyelela kwizinsizakalo</b> |
|----------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------|------------------------------------------|
| zesiPhathimandl a Sokulawulwa Kwabenzi Bempahla (i-PPRA) | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukulawula ukuziphatha kwabasebenzi bempahla ekusebenzeni ngabathengi;</li> <li>• Ukulawula ukuziphatha Abasebenzi bezakhiwo mayelana nentengiso, ukuphatha, ukuqasha, ukuthengisa nokuthenga impahla ethintekayo.</li> <li>• kukhona ukuthotshelwa kwemibandela yoMthetho.</li> <li>• Ukuqinisekisa ukuthi abathengi bavikelwe</li> </ul> | Kwabathengi bezindlu, abasebenzi bempahla nabamabhizinisi | Amahhovisi e-DHS, e-PPRA                 |

| yeZinhlangano | Izinsizo:                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                       | Amaklayenti | Thola ukufinyelela kwizinsizakalo |
|---------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------|-----------------------------------|
|               | <p>nasemikhubeni enokujeziswa njengoba kuchazwe esahlukweni sama-62 kanye nesahluko sama-63 soMthetho;</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Silawula noma yikuphi okunye ukuziphatha okuwela ngaphakathi koMthetho mayelana nabasebenzi bezakhiwo kanye nabathengi kule makethe.</li> <li>• Sihlinzekela imfundo, ukuqeqeshwa kanye nokuthuthukiswa kwabasebenzi bezakhiwo kanye nabangahle babe abasebenzi bezakhiwo.</li> <li>• Ukufundisa nokwazisa abathengi ngamalungelo abo njengoba eshiwo esahlukweni sama-69 soMthetho; futhi</li> <li>• Nokusebenzisa izinyathelo zokuqinisekisa ukuthi umkhakha wempahla uyaguqulwa njengoba kuchazwe kwisiQephu sesi-4 soMthetho</li> </ul> |             |                                   |

|                                                |                                                                                                                                                                                                                                                                 |                                                                                                                                          |                          |
|------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--------------------------|
| Usizo Lomlamuli Ohlelweni Lomphakathi (i-CSOS) | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuqinisekisa ukubhaliswa kanye nokuthotshelwa kwezinhlelo zomphakathi.</li> <li>• Ukunikeza isixazululo sezingxabano zezinhlelo zomphakathi.</li> <li>• Ukulawula, ukuqapha kanye nokulawulwa kwekhwalithi</li> </ul> | Inhlangano yezinhlelo zomphakathi, amayunithi ezinhlelo zomphakathi, Ababambiqhaza Ohlelweni Lomphakathi okungukuthi abanikazi nabaqashi | Amahhovisi e-DHS, e-CSOS |
|------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--------------------------|

| yeZinhlangano | Izinsizo:                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                       | Amaklayenti | Thola ukufinyelela kwizinsizakalo |
|---------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------|-----------------------------------|
|               | <p>kwimibhalo yokunganyelwa kwezinhlelo.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukugcina, ukulondoloza kanye nokuhlinzeka ngokufinyeleleka komphakathi, ngendlela kagesi noma ngezinye izindlela, emibhalweni yokwenganyelwa kwezinhlelo; kanye</li> <li>• Nemihlangano yokuqeqesha abahluleli, abalamuli kanye nababambiqhaza</li> </ul> |             |                                   |

|                                                           |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                   |                                                                                                                                  |                                                                                          |
|-----------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------|
| I-Ejensi<br>Yokuthuthukis<br>wa<br>Kwezezindlu<br>(i-HDA) | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukwakha uhlelo lwentuthuko oluzogunyazwa uNgqongqoshe ngokubonisana neziphathimandla ezifanele ezifundazweni nakomasipala.</li> <li>• Ukuthuthukisa amasu abalulekile maqondana nokuhlonzwa kanye nokutholakala komhlaba kahulumeni, ozimele nowomphakathi ofanele ukuba kuhlalwe kuwo futhi ofanele uthuthukiswa komphakathi.</li> <li>• Ukulungisa imibhalo edingekayo ukuze icutshungulwe futhi yamukelwe yiziphathimandla ezifanele njengoba kungadingeka</li> </ul> | Abathengi bezindlu, abathuthukisi, kanye nezinhlaka zombuso (uMnyango Kazwelonke, Izifundazwe, Omasipala kanye naMadolobhaka zi) | I-DHS, uMnyango Wezifundazwe Wokuhlaliswa Kwabantu (i-PDHS), omasipala, amahhovisi e-HDA |
|-----------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------|

| yeZinhlangano | Izinsizo:                                                                                                                                                                                                                   | Amaklayenti | Thola ukufinyelela kwizinsizakalo |
|---------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------|-----------------------------------|
|               | <p>kwanoma yimuphi omunye umthetho.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuqapha inqubekela phambili yokuthuthukiswa komhlaba kanye nempahla enomhlaba otholwe ngenhloso yokwenza izindawo zokuhlaliswa</li> </ul> |             |                                   |

|  |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                             |  |  |
|--|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--|--|
|  | <p>kwabantu okusimeme.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuthuthukisa amandla ezinhlaka zombuso kubandakanya nokudluliswa kwamakhono ukuze zikwazi ukuhlangabezana nesidingo sokuhlinzekwa kwezindlu.</li> <li>• Ukuqinisekisa ukuthi kukhona ukusebenzisana kanye nokuhambisana phakathi kohulumeni kanye nokwakha ukuhambisana kwemisebenzi yokuthuthukiswa kwezindlu.</li> <li>• Ukuhlonza, ukuthola, ukugcina, ukuthuthukisa futhi nokukhulula umhlaba wombuso, wangasese nowomphakathi ukuze uthuthukiselwe ukuhlala nomphakathi.</li> <li>• Ukwenza izinsizakalo zokuphatha amaphrojekthi njengoba zingahle zidingeke, kubandakanya usizo oluhlobene nokugunyazwa okudingekayo</li> </ul> |  |  |
|--|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--|--|

|  |                                |  |  |
|--|--------------------------------|--|--|
|  | ukuze kuthuthukiswe ezezindlu. |  |  |
|--|--------------------------------|--|--|

| yeZinhlangano                                                 | Izinsizo:                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                       | Amaklayenti                         | Thola ukufinyelela kwizinsizakalo            |
|---------------------------------------------------------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------------------------|----------------------------------------------|
|                                                               | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Inkontileka nanoma yiluphi uhlaka lombuso ngenhloso yokuthola umhlaba okhona wezindlu zokuhlala kanye nokuthuthukiswa komphakathi ukuze kwakhiwe izindawo zokuhlaliswa kwabantu okusimeme.</li> <li>• Ukusiza izinhlaka zombuso ekubhekaneni nokuthuthukiswa kwezindlu ongakaqedwanga ngesikhathi ebesilindelekile sephrojekthi.</li> <li>• Ukusiza izinhlaka zombuso ngokuthuthukisa imijondolo; kanye</li> <li>• Nokusiza izinhlaka zombuso mayelana nezixazululo zezindlu eziphuthumayo.</li> </ul> |                                     |                                              |
| UMkhandlu Kazwelonke Wokubhaliswa Kwabakhi Bezindlu (i-NHBRC) | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukulawula isimo sokwakhiwa kwezindlu ngokusebenzisa ukubhalisa kwezindlu kanye nabakhi bezindlu izinqubo zokubhalisa.</li> <li>• Ukuvikela abathengi bezindlu ngokumelene nmaphutha ezakhiwo ngokusebenzisa abahloli bezindlu kanye</li> </ul>                                                                                                                                                                                                                                                         | Abathengi bezindlu nabakhi bezindlu | I-DHS, i-PDHS, omasipala, amahhovisi e-NHBRC |

|  |                                                                                                                                                        |  |  |
|--|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--|--|
|  | <p>nokuphathwa</p> <p>kweziqinisekiso zezimali zamakleyimu abathengi.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukukhuthaza imizi emisha</li> </ul> |  |  |
|--|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--|--|

| yeZinhlangano                                    | Izinsizo:                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                   | Amaklayenti                                                                                                                                                                                                                        | Thola ukufinyelela kwizinsizakalo                                                                                         |
|--------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
|                                                  | <p>ekwakhiweni kobuchwepheshe; kanye</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nokumiswa kwezindinganiso zokwakha imizi kanye nokuthuthukisa amakhono abakhi bezindlu ngokubaqeqesha</li> </ul>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                          |                                                                                                                                                                                                                                    |                                                                                                                           |
| INhlangano Kazwelonke Yezimali Zezindlu (i-NHFC) | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukunikeza ngezixazululo ezintsha nezingabizi zezimali zezindlu kumakethe yezindlu zengeniso encane ukuya kwemaphakathi ngokwezinsizakalo ezilandelayo: <ul style="list-style-type: none"> <li>▪ Izimalimboleko zokuqasha kwangasese kwesikhathi esithile; <ul style="list-style-type: none"> <li>▪ Izikhungo eziqashisa izindlu zomphakathi;</li> <li>▪ Izimali zokuvala amagebe kubathuthukisi.</li> <li>▪ Izikhungo zokuthengisela abathengisi bezindlu okukhulayo;</li> <li>▪ Izikhungo zokuthengisela abathengisi ubunikazi bezindlu; kanye</li> </ul> </li> </ul> </li> </ul> | <p>Abantu abathola ingeniso ephansi, izikhungo zezindlu esezisungulwe, izikhungo zokuhlalisa kwabantu enhlalweni, abathintekayo ekuthengiseni abangewona amabhangini kanye namabhangini abolekisa izimali emindenini entulayo.</p> | <p>I-DHS, i-PDHS, omasipala, amahhovisi e-NHFC (i-RHLF ne-NURCHA bahlangana ne-NHFC kusukela mhla zi-1 Okhthoba 2018)</p> |

|  |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                |  |  |
|--|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--|--|
|  | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Nokuphathwa<br/>Koxhasozimali Lokuqala<br/>Lwezindlu (i-FHF)</li> <li>• Ukuhlonyiswa kwemindeni<br/>yengenisomali encane<br/>ezindaweni<br/>zasemaphandleni ukuze<br/>ifinyeleleke kwikhrdithi<br/>yezindlu;</li> <li>• Ukusebenza<br/>njengongothengisela<br/>abathengisi</li> </ul> |  |  |
|--|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|--|--|

| yeZinhlango | Izinsizo:                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                         | Amaklayenti | Thola<br>ukufinyelela<br>kwizinsizakalo |
|-------------|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------|-----------------------------------------|
|             | <p>kumbolekisi futhi ngaleyo<br/>ndlela afeze igunya lakhe<br/>ngokuhlinzeka<br/>ngemalimboleko<br/>ngokusebenzisa<br/>abaxhumanisi bezitolo<br/>emakethe eqondiwe ukuze<br/>kusetshenziselwe izinhloso<br/>zokukhula kwezindlu.</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuhlinzeka ngezimali<br/>zokuvala amagebe<br/>phakathi kwenzikampani<br/>zabakhi ezincane,<br/>ezimaphakathi<br/>nezithuthukile ezakha<br/>izindlu ezibiza kancane<br/>nezibiza kahle, kanye<br/>nezakhiwo<br/>nenzingqalasizinda<br/>ezihlobene nomphakathi;<br/>kanye</li> </ul> |             |                                         |

|                                                        |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                        |                                                         |                                                     |
|--------------------------------------------------------|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|---------------------------------------------------------|-----------------------------------------------------|
|                                                        | <ul style="list-style-type: none"> <li>Nokukeza ngezinsizakalo zohlelo kanye nokuphathwa kwesikhwama sezinsizakalo</li> </ul>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                          |                                                         |                                                     |
| Isiphathimandla Sokulawula Izindlu Enhlalweni (i-SHRA) | <ul style="list-style-type: none"> <li>Ukulawula umkhakha wezindlu zomphakathi eNingizimu Afrika.</li> <li>Ukwethula izindlu eziqashisayo ezingabizi zamaqembu ahola kancane ukuya kwahola maphakathi,</li> <li>Ukufeza ukubandakanywa kwendawo, umnotho kanye nenhlalo ezindaweni zasemadolobheni eNingizimu Afrika; futhi</li> <li>Ukwamukelwa, ukuphathwa nokukhokhwa kwezimali ezitshalwe ezikhungweni nezibonelelo ezinkulu (ezibizwa ngesiBonelelo Esikhulu Esihlanganisiwe (i-CCG)).</li> </ul> | Izikhungo zezindlu zomphakathi, abathuthukisi bangasese | I-DHS, i-PDHS, i-PDHS, omasipala, amahhovisi e-SHRA |

## 7. IZINHLELO ZOMNYANGO

### • Izinhlelo

|                                                                                                        |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                   |
|--------------------------------------------------------------------------------------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| Uhlelo loku-1:<br><b>Ukuphatha</b>                                                                     | <p><b>Inhloso</b><br/>ukuhlinzeka ngobuholi bamasu kanye nezinsizakalo zokusekela ukuphatha eMnyango</p> <p><b>Imiphumela:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Uhulumeni osebenzayo, ongcono nobandakanyayo</li> <li>• Izindlu ezanele kanye nendawo yokuhlala yekhwalithi ethuthukisiwe</li> </ul>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                  |
| Uhlelo lwesi-2:<br>Uhlelo<br>Oludidiyelayo<br>Lokuhlela<br>Nokuthuthukiswa<br>Kokuhlaliswa<br>Kwabantu | <p><b>Inhloso</b><br/>ukuphatha ukwakhiwa kwenqubomgomo, ukuhlela kanye nocwaningo ekwakhiweni kwezindawo zokuhlaliswa kwabantu ezisimeme nezibandakanyayo, ukuqapha ukuthulwa kohlelo olubandakanyayo lokuthuthukiswa kwezindawo zokuhlala, ukuhlinzeka ngokuqapha kwenhlangano yomphakathi, kanye nokuhlela ubudlelwano phakathi kohulumeni nokusetshenziswa nabo</p> <p><b>Imiphumela:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• uguquko lwendawo ngohleloningi olubandakanyayo ezindaweni eziseqhulwini zentuthuko (kuma-PDA)</li> <li>• Izindlu ezanele kanye nezindawo zokuhlala ezithuthukisiwe</li> <li>• Ukuguqulwa kwendawo ngokusebenzisa izinhlelo eziningi ezindaweni zokuthuthukisa eziseqhulwini</li> </ul> |
| Uhlelo lwesi-3:<br>Uhlelo<br>Lwezindawo<br>Zokuhlala<br>Eziyimijondolo                                 | <p><b>Inhloso</b><br/>ukuhlinzeka ngenqubomgomo, ukuhlela kanye nokwesekwa amandla nokuthuthukiswa kwemijondolo, kanye nokuqapha ukuqaliswa koHlelo Lokuthuthukiswa Kwemijondolo ngokwalo Mqulu wesi-4, iNgxenye yesi-3 yeMithetho Yezindlu Zokuhlala yonyaka we-2009</p> <p><b>Imiphumela:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• izindlu ezanele kanye nezindawo zokuhlala ezithuthukisiwe</li> </ul>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                 |
| Uhlelo lwesi-4:<br>Uhlelo<br>Lokuqasha<br>kanye Nohlelo<br>Lwezezindlu<br>Enhlalweni.                  | <p><b>Inhloso</b><br/>Ukukhuthaza ukuhlinzekwa kwezindlu eziqashisayo ezithengekayo kanye nokuthuthukisa amakhono emkhakheni wezindlu eziqashisayo ngokusebenzisana kohulumeni kanye nocwaningo olusekelwe ebufakazini!</p> <p><b>Imiphumela:</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• izindlu ezanele kanye nezindawo zokuhlala ezithuthukisiwe</li> </ul>                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                               |

|                                                            |                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                                      |
|------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| Uhlelo lwesi-5:<br>Uhlelo<br>Lezindlu<br>Olukhonekayo<br>. | <b>Inhloso</b><br>ukwenza kube lula ukuhlinzekwa kwezimali zezindlu ezithengekayo, ukuqapha imikhuba yezimakethe, futhi nokuthuthukisa ucwaningo kanye nokwakha izinqubomgomo eziphendula isidingo.<br>Ukwengamela izikhungo zezimali zezindlu ezibika kwiMiphumela KaNgqongqoshe: <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuphepha Kwesikhathi Sokuhlala</li> <li>• izindlu ezanele kanye nezindawo zokuhlala zekhwalthi ethuthukisiwe</li> </ul> |
|------------------------------------------------------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|

## 8. IMINININGWANE YOKUXHUMANA

- **UMgcinilwazi**

Igama: UDkt. A. Moemi  
Ucingo: +27 12 412 1486  
I-imeyili: [InformationOfficer@dhs.gov.za](mailto:InformationOfficer@dhs.gov.za)

- **USekela-Mgcinilwazi**

Igama: UNks. RM Thanga  
Ucingo: +27 12 444 9012  
I-imeyili: [DeputyInformationOfficer@dhs.gov.za](mailto:DeputyInformationOfficer@dhs.gov.za)

- **Okuxhunywana nabo ukuze kufinyelelwe olwazini jikelele**

I-imeyili: [paia@dhs.gov.za](mailto:paia@dhs.gov.za)  
[popia@dhs.gov.za](mailto:popia@dhs.gov.za)

- **IHhovisi Likazwelonke/Ikomkhulu**

Ikheli leposi: Private Bag X644  
PRETORIA  
0001  
  
Ikheli lendawo: Govan Mbeki House  
240 Justice Mahomed Street  
PRETORIA  
0002  
  
Ucingo: 0800 146 873  
Fax: N/A  
I-imeyili: [info@dhs.gov.za](mailto:info@dhs.gov.za)  
I-webhusayithi: [www.dhs.gov.za](http://www.dhs.gov.za)

## **9. INCAZELO YAZO ZONKE IZIXAZULULO EZITHOLAKALAYO MAYELANA NOKWENZA NOMA UKUNGENZI KOMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU**

### **12.1 Ukukhalaza Kwangaphakathi**

Umfakisisicelo ongeneme ngesinqumo sika-IO noma sika-DIO sokunqaba isicelo sakho sokufinyeleleka kolwazi angafaka isikhalazo sangaphakathi kuNgqongqoshe (uMphathi Omkhulu) woMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu aphikise isinqumo okukhulunywa ngaso.

### **12.2 Ukufaka isikhalazo sangaphakathi**

Isikhalaza sangaphakathi:

- sifanele sifakwe zingakapheli izinsuku ezingama-60 ngemuva zokuba umfakisisicelo azisiwe ngesinqumo ngesicelo,
- kufanele kugcwaliswe uFomu 4 oyifomu lokukhalaza kwangaphakathi elifakwe kwisiXhumelo B sale Manuwali futhi eliphinde litholakale kwiwebhusayithi ye-DHS [[www.dhs.gov.za](http://www.dhs.gov.za)] noma kwiwebhusayithi yoMlawuli Wolwazi noma ehhovisi lakhe lapho licelwa,
- lifanele ligcwaliswe ngokuphelele ifomu elimisiwe lokukhalaza kwangaphakathi likhombise ukuthi yisiphi isinqumo esifakelwa isikhalazo sangaphakathi.
- lifanele lisayindwe endaweni ehlinzekiwe efomini lesikhalazo sangaphakathi,
- lifanele lisiwe ku-DIO ngokusebenzisa imininingwane yokuxhumana noma ikheli elihlinzekiwe kule manuwali.

### **12.3 Ukudluliselwa kokukhalaza kwangaphakathi kusiphathimandla esifanele**

- U-DIO, kungakapheli izinsuku eziyi-10 zokuthola isikhalazo sangaphakathi, adlulisele isikhalazo sangaphakathi, sikanye nezizathu zesinqumo ngesicelo, kusiphathimandla esifanele.
- Isiphathimandla esifanele sifanele sicubungule futhi sithathe isinqumo ngesikhalazo sangaphakathi kungakapheli izinsuku ezingama-30 ngemuva kokuba isaziso sesikhalazo sangaphakathi sitholakele.
- Isinqumo sesiphathimandla esifanele sifanele sivume noma sibekela eceleni isinqumo sika-DIO, lapho sisebenziseka, futhi sifake esikhundleni saso isinqumo esisha.

**10. UMHLAMHLANDLELA WOKUTHI ISETSHENZISWA KANJANI I-PAIA NOKUTHI KUTHOLWA KANJANI UKUFINYELELEKA KUMHLAHLANDLELA**

- UMlawuli, ngokwesahluko se-10(1) se-PAIA, ubuyekeze futhi wenza ukuba kutholakale uMhlahlandlela obuyekeziwe ngendlela yokusebenzisa i-PAIA (uMhlahlandlela), ngohlobo nangendlela eqondakala kalula, njengoba kungahle kudingwe umuntu ofisa ukusebenzisa nanoma yiliphi ilungelo elihlongozwe kwi-PAIA kanye nakwi-POPIA.
- Le Mhlahlandlela uzokwenziwa ukuba utholakale ngolunye nolunye lwezilimi ezisemthethweni.
- UMhlahlandlela oshiwo ngenhla uqukethe incazelo–
  - yezinhloso ze-PAIA kanye ne-POPIA.
  - ikheli leposi nelomgwaqo, inombolo yocingo, kanye neyefeksi futhi, uma likhona, nekheli le-imeyili–
  - loMgcinilwazi wazo zonke izinhloso zikahulumeni, kanye
  - noSekela-Mgcinilwazi wazo zonke izinhloso zikahulumeni nezizimele eziqokwe ngokwesahluko se-17(1) se-PAIA kanye nesahluko sama-56 se-POPIA,
  - indlela kanye nohlobo lokufaka isicelo–
    - sokufinyelela kwirekhodi lohlobo lukahulumeni oluhlongozwe esahlukweni se-11,
    - nokufinyelela kwirekhodi lohlobo lukahulumeni oluhlongozwe esahlukweni sama-50,
  - usizo olutholakala kuMgcinilwazi lohlobo lukahulumeni ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA,
  - usizo olutholakala kuMlawuli ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA,
  - zonke izixazulu ezikhona emthethweni mayelana nesenzo noma ukwehluleka ukwenza okuthile maqondana nelungelo noma umsebenzi onikezwe noma obekwe yi-PAIA kanye ne-POPIA, kubandakanya indlela yokufaka–
    - isikhalazo sangaphakathi,
    - isikhalazo kuMlawuli Wolwazi; kanye
    - nezicelo ezinkantolo zomthetho zokuphikisa isinqumo somgcinilwazi senhlangano kahulumeni, isinquo sesikhalazo sangaphakathi noma isinqumo soMlawuli noma isinqumo senhloko yezinhlangano ezizimele,
  - imibandela yesahluko se-14 nesama-51 edinga inhlangano kahulumeni kanye nenhlangano ezimele, ngokulandelanayo, ukuba zakhe imanuwali, kanye nendlela yokufinyeleleka kwemanuwali,
  - imibandela yesahluko se-15 kanye nesama-52 ehlinzekela ukudalulwa

ngokuzithandela kwezigaba zamarekhodi yinhlangano kahulumeni kanye nenhlangano ezimele, ngokulandelana,

- izaziso ezikhishwe ngokwesahluko sama- 22 nesama-54 mayelana nezimali okufanele zikhokhwe maqondana nezicelo zokufinyeleleka; kanye
- nezimiso ezenziwe ngokwesahluko sama-92.

